

**SETHEMBA UKUTHI LOLU HLELO OLUKHONA NJENGAMANJE
LUZOGQUGQUZELA, LWAZISE LUPHINDE LUBE UMHLAHLANDLELA
KWABESILISA NABESIFAZANE ABASEBENZELA IMFUNDO ENGCONO
EYISISEKELO ENINGIZIMU AFRIKA.**

**Uhlelo olugcwele Uhlelo Lokwenza Kuya Ku 2019: Maqondana Nokufezekisa
Ukufunda Ngonyaka Ka 2030 luyatholakala lapha:**

[HTTP://WWW.EDUCATION.GOV.ZA/CURRICULUM/ACTIONPLANTO2019.ASPX](http://www.education.gov.za/CURRICULUM/ACTIONPLANTO2019.ASPX)

**Uhlelo olugcwele Uhlelo Lokwenza Kuya Ku 2014: Maqondana Nokufezekisa
Ukufunda Ngonyaka Ka 2030 luyatholakala lapha:**

[HTTP://WWW.EDUCATION.GOV.ZA/CURRICULUM/ACTIONPLANTO2019.ASPX](http://www.education.gov.za/CURRICULUM/ACTIONPLANTO2019.ASPX)

THIS DOCUMENT IS AVAILABLE IN ALL 11 SOUTH AFRICAN LANGUAGES

- | | |
|-----------|-----------|
| English | isiXhosa |
| Afrikaans | Ndebele |
| isiZulu | Sepedi |
| Tsonga | Setswana |
| Sesotho | Tshivenda |
| Siswati | |

Published by the Department of Basic Education
222 Struben Street
Private Bag X895, Pretoria, 0001
Telephone: 012 357 3000 Fax: 012 323 0601
© Department of Basic Education

website

www.education.gov.za

facebook

www.facebook.com/BasicEd

twitter

www.twitter.com/dbe_sa

Uhlelo Lokwenza Kuya Ku 2019

Sibheke Ekufukuleni Imfundo Ngonyaka Ka 2030

isiZulu



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA





UHLELO LOKUFUNDA LUKA 2030: Umbono

Lawa maphuzu alandelayo abonisa ukuthi i-DBE ifisa ukuba kuphi ngonyaka ka 2030:

ABAFUNDI

Abafundi kumele **beze nsuku zonke esikoleni futhi bafike ngesikhathi** ngoba benenhlalo yokuba sesikoleni, isikole naso kufanele sifinyeleleke kubo nabo abafundi kumele bazi ukuthi uma kwenzeka bephutha kungafanele esikoleni, kukhona nakanjani imiphumela abayobhekana nayo ngalokho.

Abafundi kumele bakuqonde kahle ukwenza kwabo ukubaluleka kokwenza kwabo umsebenzi wesikole, besesikoleni ngisho besekhaya imbala futhi bazi nokuthi isikole siyokwenza konke okusemandleni aso ukwenza ukuthi abafundi bafunde lokho okumele bakufunde.

OTHISHA

Othisha **kumele ukuthi kube ngothisha abathola ukuqeqeshwa abakudingayo nabahlala njalo beqhubeka nokuzicija ngomsebenzi wabo** futhi abaziqhenyayo ngokwenza kahle kwabo umsebenzi ngendlela efanele. Othisha **kumele babe ngothisha abawuqondayo umsebenzi** wabo ukuze bathuthukise isizwe futhi abenza konke okusemandleni abo ukunikeza abafundi isikhiye semfundo empilweni.

UTHISHANHLOKO

Uthishanhloko kumele **aqinisekise ukuthi kufundiswa ngendlela okumele kufundiswe ngayo esikoleni**, ngokulandela ikharikhulamu kazwelonke futhi kumele ayiqonde indima yakhe njengomholi onesibopho sokukhuthaza ubumbano, ukusungula kanye nendlela yokusebenza ephusile ngaphakathi emphakathini wesikole sakhe kanye nangaphandle.

UKUBAMBA IQHAZA KOMPHEKATHI

INHLOSO 22: Ukwenza ngcono ukubamba iqhaza komphakathi kanye nabazali ekulawulweni kwezikole, phakathi kokunye ngokwenza ukuthi bafinyelele kwi-DBE lokufunda ngekhompyutha okuyi:e-Education strategy.

UKUXHASWA KWEZIKOLE

INHLOSO 23: Ukuqinisekisa ukuthi zonke izikole zithola ukuxhaswa okungenani ngenani eliyisilinganiso esiphansi kumfundi ngamunye ngokwamazinga abafundi njengalokhu kunqunywe kuzwelonke futhi nezimali zisetshenziswa ngendlela esobala nefanele.

IZAKHIWO ZEZIKOLE KANYE NEZINHLAKA EZINJALO

INHLOSO 24: Ukuqinisekisa ukuthi ingqalasizinda eyizakhiwo zesikole kanye nesimo sesikole ngasinye kunika abafundi ugqozi nelukuluku lokulangazelela kwabafundi ukuza esikoleni bezofunda bese othisha nabo balangazelele ukufundisa.

IMPILAKAHLE YABAFUNDI

INHLOSO 25: Ukusebenzisa izikole njengamathuluzi okukhuthaza ukuthi abafundi bafinyelele kwizinsizakalo eziningi zomphakathi phakathi kwabafundi kwizinto ezimayelana nezempilo, ukuqeda ububha

nobuphofu, ukubeseka ngokomqondo nangokwenhlalo, ngokwezemidlalo kanye nangokwamasiko.

INHLOSO 26: Ukwandisa inani lezikole ezikwazi ukusebenzisa ngokuphelele inqubomgomo yemfundo edidiyele konke futhi zikwazi nokufinyelela kwizikhungo ezinhlizeka ngezinsizakalo zongoti abathile.

INHLOSO 27*:** Ukwenza ngcono ukuhlala njalo kuvakashelwa izikole kanye nezingabunjalo lokubheka ukusebenza kwezikole kanye nezinhlaka ezihlinzekwa izikole amahhovisi ezifunda, phakathi kokunye ngokusebenzisa kangcono icebo lokusebenzisa amakhompiyutha okuyi: e-Education strategy.



OTHISHA

INHLOSO 14: Ukuheha iqoqo elisha lothisha abasebancane, abanentshisekelo yokusebenza futhi abakuqeqeshelwe ngendlela efanele ukuba ngothisha unyaka nonyaka.

INHLOSO 15: Ukuqiniseka ukuthi ukutholakala kanye nokusetshenziswa kothisha kwenziwa ngendlela yokuthi kugwenywa amakilasi amakhulu ngokungafanele.

INHLOSO 16*:** Ukwenza ngcono ukusebenza kothisha, ukufukula amakhono abo okufundisa, ulwazi lwabo lwezifundo abazifundisayo kanye nokukwazi ukusebenzisa ikhompuyutha kothisha ngaso sonke isikhathi ngenkathi besengothisha.

INHLOSO 17: Ukulwela ukuba nothisha abaphile saka futhi abawuthokozelayo umsebenzi wabo wokuba ngothisha.

INHLOSO 18: Ukuqinisekisa ukuthi abafundi benza zonke izihloko okusuke



kuhlelwe ukuthi bafunde ngazo futhi bayenza yonke imikhakha yamakhono nokusuke kufanele ukuthi bayenze kulowo nyaka abasuke besesikoleni ngawo.

IZINSIZAKUFUNDISA

INHLOSO 19: Ukuqinisekisa ukuthi umfundi ngamunye uyakwazi ukufinyelela kwinani lezincwadi eliphansi elinqunyiwe kanye nakwizincwadi zokusebenzela ezidingekayo ngokwenqubomgomo kazwelonke.

INHLOSO 20: Ukwandisa amathuba okuthi abafundi bakwazi ukufinyelela kwizinhlobo eziningi nezahlukeni zokusakazwa kwezindaba, okuhlanganisa amakhompuyutha, nokufanele ukuthi zithuthukise zinothise imfundo yabo.

UKUPHATHWA KWEZIKOLE

INHLOSO 21*:** Ukuqinisekisa ukuthi izinhlelo eziyisisekelo zokuphathwa kwesikole zaminyaka yonke ziyenzeka kuzona zonke izikole ezweni ngendlela ebonisa ukubamba iqhaza kwisimo sokusebenza kahle kwezikole.



ABAZALI

Abazali kumele kube ngabantu abazi kahle ngokuqhubekayo esikoleni, futhi abazimisele ukubamba iqhaza ezintweni ezinziwa esikoleni futhi kumele bahlale njalo bethola imibiko mayelana nokuthi baqhuba kanjani abantwana babo esikoleni futhi lokho kuhambisane namazinga acacile asezikoleni zonkana. Abazali bayazi ukuthi uma kukhona into engenzeki ngendlela okumele ngabe yenzeka ngayo esikoleni, uthishanhloko noma omunye-ke umuntu oseMnyangweni uyabalalela bese ethatha izinyathelo ukubhekana nanoma yiziphi izinkinga ezitholakele.

IZINSIZAKUFUNDANOKUDUNDISA

Izinsizakufunda nokufundisa kumele ukuthi zibe yinsada futhi kube ngesizingeni eliphezulu. **Inqubomgomo Kazwelonke Yezikhwama Zesikole**, nechaza kabanzi ngezingabunjalo nobungako bezinsizakufundisa

umfundi ngamunye okusuke kufanele ukuthi akwazi ukufinyelela kulo. Kufanele kube namakhompuyutha ezikoleni nayindlela yokuxhumana engasetshenziswa ngabafundi kanye nothisha ukuze bakwazi ukuthola ulwazi.

IZAKHIWO ZEZIKOLE KANYE NEZINHLAKA EZINJALO

Izakhiwo zezikole kanye nezinhlaka kufanele ukuthi kube kukhulu futhi kube nendawo eyanele, kusebenziseke, kuphephe futhi kugcinwe kusesimweni esihle nesifanele. Abafundi, othisha kanye nomphakathi wonkana kufanele babheke izakhiwo zabo kanye nezinhlaka ezinjalo ngoba bayaziqhenya ngezikole zabo.



ACTION PLAN TO 2019

Lolu hlelo, nolukhiqizwe uMnyango Wemfundo Eyisisekelo (DBE), lumele enye impumelelo ohambeni lwethu oluya ekutholeni amathuba angcono okufunda kubona bonke abantu baseNingizimu Afrika. Le dokhumenti ibheka izinto eziyintuthuko enqala emkhakheni wemfundo eyisisekelo kusukela selokhu kwakhishwa uhlelo oluyinqubomgomo yoMnyango lwangonyaka ka 2011, *Uhlelo Lokwenza Kuya Ku 2014: Sibheke Ekufukuleni Imfundo ngo 2025 (Uhlelo Lokwenza luka 2014)*. Yize-ke kunjalo, kunokugudluka okukhona kwizinto okumele zihanjiswe phambili ngenxa yezifundo ezifundiwe, kanti okubaluleke kakhulu, uma kubhekwa izinto ezibekwe phezulu eqhulwini nezazibalulwe kwi-**National Development Plan (NDP)** neyakhululwa uMongameli ngonyaka ka 2012. Ngokuhambisa ne-**NDP**, isikhathi

sokuhlela izinto njengamanje unyaka ka 2030, kanti akusewona unyaka ka 2025. Okwesibili, isikhathi sokukala esiphakathi nendawo esinqunywe wuhulumeni wunyaka ka 2019, kanti nohlelo lwalo mkhakha luye lwashicilelwa ngendlela efanele.

Lolu hlelo olukhona njengamanje luqondiswe kubantu abanengi ababambe iqhaza emsebenzini onzima kakhulu wokuguqula izikole zaseNingizimu Afrika. Laba bantu ababambe iqhaza kule misebenzi phakathi kwabo singabala abazali, othisha, othishanhlobo bezikole, izikhulu zezifunda, emazingeni ezifundazwe kanye nakuzwelonke, amalungu ePhalamende, abaholi bomphakathi, kuhlanganisa nezinyunyana zothisha, ophathina bethu abazimele, abacwaningi kanye nezikhungo zamazwe omhlaba esingabala phakathi kwazo i-UNICEF kanye neBhange Lomhlaba.

IZINHLOSO 7 KUYA KU 9: UKUSIZA LABO ABANGENZI KAHLE

INHLOSO 4: Ukwandisa inani labafundi abenza iBanga 12 abaphumelela ngendlela yokuthi bamukelwe emanyunivesi ukuthi benze iziqu zama-Bachelors.

INHLOSO 5: Ukwandisa inani labafundi abenza iBanga 12 abaphasa isifundo sezibalo.

INHLOSO 6: Ukwandisa inani labafundi abenza iBanga 12 abaphasa isifundo se-*physical science*.

INHLOSO 7: Ukukhuthaza ukwenza kahle kwabafundi abangenzi kahle *beBanga 6* ezifundweni zezilimi.

INHLOSO 8: Ukukhuthaza ukwenza kahle kwabafundi abangenzi kahle *beBanga 6* esifundweni zezibalo.

INHLOSO 9: Ukukhuthaza ukwenza kahle kwabafundi abangenzi kahle *beBanga 9* esifundweni zezibalo.

UKUFUNDA OKUYIMPOQO

INHLOSO 10: Ukuqiniseka ukuthi zonke izingane zihlala njalo zifunda zizezikoleni okungenani zize zibe neminyaka yobudala eyi-15.

UKUFINYELELA KWI-ECD NAKWIBANGA R

INHLOSO *11:** Ukwenza ngcono ukufinyelela kwabantwana kwi-Early Childhood Development (ECD) esezingeni eliphezulu ngaphansi kweBanga 1

IZINHLOSO 12 KUYA KU 13: UKWENZA NGCONO UKUTHOLA AMABANGA

INHLOSO 12: Ukwenza ngcono ukuphumelela kwabafundi kusuka kwiBanga 1 kuya kwiBanga 9.

INHLOSO 13: Ukwenza ngcono ukukwazi ukufinyelela kwabantu abasha ezikhungweni ezingama-Further Education and Training (FET) nangale kweBanga 9.

“Izinhlolo 14 kuya ku 27 zikhuluma ngokuthi zingaphunyeleliswa kanjani lezi zinhloso eziyimiphumela eyi-13 echazwe ngenhla.”



NGONYAKA KA 2030 SIFUNA UKUTHI SIBE SESIZUZE LEZI ZINHLOSO EZILANDELAYO:

Imfundo ngamakhompiyutha (okuyi: e-Education) ingafaka phakathi ukushintsha indlela ukufunda okwenzeka ngayo ngezindlela ezinqala kakhulu, kushintshe ubuchwepheshe bolwazi nokuxhumana (ICTs) kanti konke lokhu kunamandla okuthi kungenze ngcono futhi kusabalalise ukufunda kakhulu, kanti phela ekugcineni, kuyiqiniso ukuthi ezobuchwepheshe nokuxhumana sezisetshenziswa kakhulu emhlabeni jikelele kangokuthi imfundo engebusebenzisi lobu chwepheshe isiya ngokuya ifana nemfundo efile nengaphelele. Njengoba kugcizelelwe Kuhlelo Lokwenza Lwanguonyaka Ka 2011, imfundo ngamakhompiyutha noma i:e-Education eyosiza idlanzana lomtakabani kuphela ingabhebhethekisa ukungalingani emphakathini waseNingizimu Afrika ngenxa yalokho okubizwa ngokuthi 'ukucwaswa ngobuchwepheshe'

“Izinhloso I kuya ku 13 zimayelana nemiphumela eqondile yohlelo lokufunda, kanti kuba yimiphumela emayelana nokufunda kanye nokuphumelela, kanye nemiphumela emayelana nalokho abafundi abakufundayo.”

IZINHLOSO I KUYA KU 6: UKUHLANGABEZANA NEZIDINGO EZIFANELE ZEZEMFUNDO

INHLOSO 1: Ukwandisa inani labafundi abenza iBanga 3 okuzothi, ekupheleni konyaka, babe sebenokuqonda okudingekayo ulimi lokufunda kanye nesifundo sokubala okuqondene neBanga 3.

INHLOSO 2: Ukwandisa inani labafundi abenza iBanga 6 okuzothi, ekupheleni konyaka, babe sebenokuqonda okudingekayo ulimi lokufunda kanye nesifundo sezibalo okuqondene neBanga 6.

INHLOSO 3: Ukwandisa inani labafundi abenza iBanga 9 okuzothi, ekupheleni konyaka, babe sebenokuqonda okudingekayo ulimi lokufunda kanye nesifundo sezibalo okuqondene neBanga 9.



“Ukuqinisekisa ukuthi wonke umuntu omusha waseNingizimu Afrika uthola ukufunda okusezingeni eliphezulu yisidingo esiphuthumayo.”

IZINHLOSO ESIFUSHANE, WESIKHATHI ESIDE

ZESIKHATHI UMBONO

IZINHLOSO EZICACE BHA

Ukuqinisekisa ukuthi wonke umuntu omusha waseNingizimu Afrika uthola ukufunda okusezingeni eliphezulu yisidingo esiphuthumayo. Yebo, sikuqonda kahle kakhulu ukuthi lokhu angeke kuthi kusa nje kube sekukhona. Sidinga ukuthi sibe nombono ocace bha ngokuthi sifuna ukuba kuphi ngonyaka ka 2030, kanti singakwazi ukukwenza lokho ngisho nangaphambi kwaso lesi sikhathi. Futhi kufanele siqiniseke ukuthi njalo ngonyaka, minyaka yonke, siza kancane siyasondele ekufezekiseni umbono wethu, futhi lokhu sikwenza sazi kahle ukuthi ukuba ngcono okukhulu kwesimo kusho ukuhlanguana kwezinguquko ezincane.

Izinhloso ezingongqo ezigama-27 *Kuhlelo Lokwenza luka 2014* nezimayelana nenqwaba yezinto ezahlukene kanye nokungenelela okudingeka ukuba makwenziwe. Kulezi zinhloso ezingama-27, **eziyi-13 zazo zimayelana nokusebenza kanye nemiphumela yokubamba iqhaza nokuyinto esiyilwelayo bese kuthi eziyi-14 zimayelana nokuthi singakwazi kanjani ukubhekana nokwenza ngcono**, ngamanye amazwi zisho ukuthi kufanele kube nezenzo ezenziwayo ukuqinisa lo mkhakha.

Ukukhuthaza ukugxila kuhlelo, **kunezinhloso ezinhlanu eziphambili nokufanele ukuthi zibekwe phambili**. Lezi zikhuluma ikakhulukazi **ngBanga R, ukuthuthukiswa**





IZINTO EZIPHAMBILI OKUMELE ZIQALWE

kothisha, izinsizakufunda, ukuphathwa kwezikole kanye nokweseka ngamahhovisi ezifunda.

Izinhloso ezinhlano ezihamba phambili lapha ngezansi zibonakala ngalokhu:

*** ohlelweni kanye nakuleli pheshana. Izinkomba ezingama-36 Zohlelo Lokwenza langonyaka ka 2011, nezihambisana nezinhloso ngazinye, nazo futhi zimi njalo. Izinkomba ezimbalwa nazo ziyizinkomba eziphambili kakhulu kanti nazo futhi zimakwe ngalokhu: ***.

Yize uhlelolo lokuqala izinto ludingeka ezindaweni eziningi emkhakheni wemfundo eyisisekelo, kepha kunezinsalelo ezimbili okuyizona ezihamba phambili, nokuyilezi: **Uhlelo Lokuhlolwa Lukazwelonke**, okuyi-**Annual National Assessments (ANA)**,

kanye nemfundo yamakhompyutha, okuyi-**e-education**. Lezi zindawo zombili yizona esizokhuluma sigxile kuzo kule zigatshana ezimbili ezilandelayo.

Izivivinyo Zikazwelonke Zokufunda

Uhulumeni usekusho kaninginingi ukuthi uzibophezele kangakanani ukwenza uhlelo lokuhlola abafundi oluhamba phambili emhlabeni ikakhulukazi kulabo bafundi abasemabangeni asukela kwiBanga 1 kuya kwiBanga 9 esikoleni nokuyinto eyohlinzeka isizwe sonkana ngolwazi olwethembekile mayelana nenqubekela-phambili ngalokho abafundi abakufundayo, futhi nokuyobuyele kuhlinzeke ngamathuluzi abambekayo okusebenza ukusiza othisha kanye nabazali ukuthi bagxilise amandla abo kwizinto ezifanele.

IMFUNDO NGAMAKHOMPYUTHA (E-EDUCATION)

Ukuqhubekela phambili, i-DBE ibona impumelelo enkulu kulokho okuhloswe ukuthi kuzuzwe ngohlelo lwe-ANA, kususelwa kwizifundo ezifundiwe kanye nasekubhekweni ngokuqaphela izeluleko ezihlinzekiwe zivela kubeluleki abazimele kanye nabo bonke abanye okubanjiswene nabo. **Enye yezinto ezibekwe phezulu eqhulwini ukukhiqiza isitatimende senqubomgomo esicace bha mayelana nesisekelo salokho okuqondiwe nge-ANA, kuhlanganisa indlela okumele isetshenziswe ngakhona wothisha, abazali kanye nabanye abantu ezingeni lesifunda.** I-DBE izaqinisekisa ukuthi kusukela ngonyaka ka 2015; **kuyokwenziwa izivivinyo 'zokuqinisekisa i-ANA' kanti ziyofaka nezinto eziyinzisika. Kuyophinde futhi kubhekwe nohlelo lokuhlunga nokulungisa imiphumela kusetshenziswa ukubheka ukuthi into ngayinye ithini,** kanti lokhu kuqala ngonyaka ka 2016. Ngonyaka ka 2015, **i-DBE izokwenza ukuthi kwenziwe imibiko ye-ANA kusetshenziswa imininingwane kazwelonke ye-ANA.** Okokugcina-ke, **i-DBE izoqhubeka nokuxhumana noxhaxha locwepheshe ngezindlela eziningi engazithatha ukubhekana nohlelo luka-ANA futhi luyophinda lukale i-ANA ngazo zonke izikhathi ngokuzwa**

izimvo zothisha, ezabazali kanye nezabanye abantu okubanjiswene nabo kulo mkhakha emazingeni ezikole kanye nasemazingeni esifunda imbala..

Izindlela zobuchwepheshe zokwedlulisa ulwazi kanye nokuxhumana zesimanje (ICTs) zinamandla okwenza ngcono kanye nokwenza ukufunda ukuthi kwehluke kakhulu. Ama-ICT asetshenziswa kakhulu emphakathini kangokuthi imfundo ngaphandle kwawo isiya ngokuya iqala ukuba yimfundo engaphelele. **I-DBE izoqhubeka, ngonyaka ka 2015, nokudedela uhlelo lweqhinga likazwelonke ku: e-education emkhakheni wokufunda ukuze libhekwe yizinhloso eziningi yilabo abaningi ababambe iqhaza ku; e-education.** Leli qhinga lizokwenza ukuthi kube nokuxhumana okucacile phakathi **kokusebenzisa i:ICTs kanye nokwenza ngcono izinhloso zokufunda** nezisungulwe wuhlelo. Icebo lizokwenza ukuthi kucabce bha ukuthi yibuphi ubuchwepheshe obukhona. Okwesithathu, njengoba vele imfundo yamakhompyutha, okuyi-e-education ifaka phakathi ababambiqhaza abaningi abangaphakathi nabangaphandle kuhulumeni, icebo eliyosetshenziswa **kuyoba elicacile kulabo ababambe iqhaza kanye nokuthi ngabe babambisene kanjani.**